


UKUNQOBA ISANGO LESITHA

EMVA KOKUVIVINYWA

 Angazi ukuthi ngabe...Niyazi, nginombono omncane, okunjengawo, ukubona abantu bema uma sifunda iZwi. Anikuthandi lokho na? Siyama ukuba sikhombise ukuthobela iflege, siyasimela isizwe sakithi, asilimeli ngani iZwi manje na?

² Sisamile umzuzu nje. Bengifunda indatshana, kungekudala, futhi bengicabanga izolo ebusuku ngalabobantu abamela uKristu. Uma ningakakwenzi, ningekwenze namhlanje na?

³ Kwakukhona umvangeli omkhulu, cishe eminyakeni engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu eyadlula, angisalicabangi nje igama lakhe. Ngicabanga ukuthi kwakunguArthur McCoy, futhi wayenqamule izwe. Futhi ngobunye ubusuku wayenephupho ukuthi wayehambe waya eNkazimulweni. Futhi wathi wenyukela eSangweni, futhi wathi babengamvumeli angene. Wayesethi wathi, “NginguArthur McCoy waseUnited States. Ngingumvangeli.”

⁴ Ngakho umgcinisango wangena, (manje leli kwakuyiphupho), wayesengena, wathi, “Angilitholi nhlobo igama lakho.”

Wathi, “Awu, ngangiumvangeli.”

Wathi, “Mnumzane, ngi . . .”

⁵ Wathi, “Awu, likhona yini ithuba e . . .Kukhona okungalungile.”

⁶ Wathi, “Qhabo, mnumzane. NgineNewadi lapha. Angilitholi nhlobo igama lakho.”

Wayesethi, “Awu, kukhona engingakwenza ngalo na?”

⁷ Wathi, “Ungaledlulisa icala lakho liye ekwaHluleleni kwesiHlalo sobukhosi esimHlophe.” Nkulunkulu, siza. Angifuni ukuba lapho.

⁸ Wathi, “Awu, uma lelo kuyilona kuphela ithemba lami, ngiqagele ngizovele nje ngiledlulise-ke icala lami.”

⁹ Wayesethi manje-ke wacabanga ukuthi waya kude le, futhi nje . . .Futhi lapho eqala, wathi kwakungubumnyama, futhi kwaya ngokukhanya kakhulu ngokukhanya kakhulu, futhi wathi kwakubukeka sengathi kwakungekho ndawo ethize lokhu ukuKhanya okwakuma khona, kodwa wayesesenta yaKho ngqo. Futhi wathi Wathi, “Ubani osondela esiHlalweni saMi sobukhosi sokwaHlulela na?”

10 Wathi, “NginguArthur McCoy. Ngingumvangeli, ngithumele imphefumulo eminingi eMbusweni.”

Wathi, “Igama lakho alifunyanwa eNcwadini na?”

“Qhabo.”

Wathi, “Manje—ke uledlulisele eNkantolo yaMi na?”

“Yebo, mnumzane.”

11 “Uzokwemukela ubulungiswa. Ngikwehlulela ngemithetho yaMi. Arthur McCoy, wake wawaqamba amanga na?”

12 Wathi, “Ngangicabanga ukuthi ngangiyindoda enhlana ngaze ngama kulokho kuKhanya.” Wathi, “Kodwa eBukhoneni balokho kuKhanya, ngangiyisoni.” Sonke siyoba yilokho. Ungahle uzizwe ulondolozekile manje, kodwa linda uze ufike Lapho. Ucabanga ukuthi kuzwakala kanjani lapha uma Egcoba na? Ukuthi ungazizwa umncane kanjani! Kuyoba njani kulokho kwaHlulela kwesiHlalo sobukhosi esimHlophe na?

Wathi, “Wake wawaqamba amanga na?”

13 Wathi, “Ngangicabanga ukuthi ngangikade ngineqiniso, kodwa ezinye izinto ezincane engangicabanga ukuthi kwakungamanga amhlophe amancane, ziba nkulu futhi zibe mnyama Lapho.”

Wathi, “Yebo, mnumzane, ngiwaqambile amanga.”

Wathi, “Wake weba na?”

14 Wathi, “Ngangicabanga ukuthi ngangikade ngiqotho ngakho, futhi ngingakaze ngebe, kodwa wathi, eBukhoneni balokho kuKhanya, nga—ngaqonda ukuthi kwakunokunye engakudonsayo, okwakungalungile nje.”

Wathi, “Yebo, mnumzane, ngebile.”

Wathi, “Ukwahlulela kwaMi . . .”

15 Futhi eselungele nje ukuzwa isigwebo sakhe, “Suka uyongena emlilweni ongunaphakade owalungiselwa udeveli nezingelosi zakhe,” wathi onke amathambo ayehlukana.

16 Wathi, “Ngezwa iphimbo elimnandi kunawo onke engake ngawezwa empilweni yami.” Wathi, “Ngenkathi ngiphenduka ukuba ngibuke, ngabona ubuso obumnandi obedlula bonke engake ngabubona; obuhle obumnandi obedlula ubuso bukamama, iphimbo elimnandi ukwedlula umama ake angibiza ngalo.” Wathi, “Ngaqalaza. Ngezwa iphimbo, lathi, ‘Baba, lelo yiqiniso, wawaqamba amanga futhi wayengeqotho nje. Kodwa, phansi emhlabeni waNgimela,’ lathi, ‘manje Ngizoma endaweni yakhe.’”

17 Yilokho engifuna kwenzeke Lapho. Ngifuna ukuMmela manje, lokho, uma sekufika lesosikhathi, Wama endaweni yami.

18 Asifunde kuGenesisi 22; 15, 16, 17, namavesi 18.

*Ingelosi yeNKOSI yayisimemeza kuAbrahama
isezulwini ngokwesibili.*

*Ithi, Ngizifungile, isho iNKOSI, ukuthi njengokuba
ukwenzile lokhu, ungagodlanga indodana yakho,
indodana yakho eyodwa:*

*Ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngandise
nokwandisa inzalo yakho ibe ngangezinkanyezi zezulu,
nangangesihlabathi sasogwini lolwandle; inzalo yakho
inqobe isango lesitha zayo;*

*Nangenzalo yakho ziyakubusiswa izizwe zonke
zomhlaba; ngokuba ulalele izwi lami.*

Asikhuleke.

¹⁹ Baba waseZulwini, thatha indikimba manje, Nkosi, futhi usikhonzise. Kwangathi uMoya oNgcwele ungaphatha amaZwi, Nkosi, aphumele ngqo kuzo zonke izinhliziyi. Lokho bekungahlangabezana namathemba ethu kulentambama, ngokuba makhulu, Nkosi. Futhi Wena wasitshela ukuba sicele kuvame, ukuze ukujabula kwethu kugcwalile. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahla phansi.

²⁰ Uma bengingabiza lokhu ngendikimba, imizuzwana embalwa. Iphimbo lami libuthakathaka, ngakho yingalesosizathu ngifanele ngime ngakwimayikrofoni. Ngiyazi kunokuwawaza komsindo, kodwa siyakubekezelela kancane. Ngifuna ukuyibiza ngokuthi: *UkuNqoba ISango LeSitha Emva Kokuwivinywa.*

²¹ Inkundla yethu ivuleka kwenye yezinkundla ezimangalisa kakhulu kuAbrahama. Niyazi ukuthi uAbrahama unguyise wokwethembeka. Nesithembiso senziwa kuAbrahama. Futhi ngokuba yizindlalifa kuphela naye, ngoKristu, iyona ndlela kuphela esemukela ngayo isithembiso, kungo Abrahama. Manje, uAbrahama wayengumuntu ojwayelekile nje, kodwa wabizwa nguNkulunkulu futhi wayethembekile kulolobizo. Ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma kuye, uAbrahama akazange nakanye alingabaze lelophimbo. Wahhlala nalo ngqo. Akunandaba ukuthi ubunzima babuyini, wahlala nalo ngqo.

²² Wabe-ke esethenjiswa indodana. Futhi walinda iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ukuba emukele leyondodana, ebiza noma yini ephambene nakho ngokungathi yayingenjalo. Kwase kuthi-ke, futhi kulendodana, yonke imindeni yomhlaba wawuzobusiswa. Nokhokho wayethembekile obizweni lwakhe neZwi elithenjisiwe.

²³ Wayeyisibonelo kulokho esifanele sibe yikho. Manje thina, ngokuba ngabafileyo kuKristu, siyiNzalo ka Abrahama.

²⁴ Manje, kwakunenzalo embili ka Abrahama. Eyodwa yazo yayiyinzalo yemvelo; enye yayiyiNzalo yokomoya. Enye

yazo yayingeyemvelo, ngenyama yakhe; enye yayiyiNzalo yokukholwa kwakhe, ukukholwa, ukuze nathi sibe yiNzalo ka Abrahamama ngeZwi elithenjisiwe.

²⁵ Futhi manje emva kokuba wayesevivinyiwe iminyaka engamashumi amabili–nanhlanu emide, futhi, esikhundleni sokuya aye ngokuba buthakathaka kakhulu, waya ngokuqina kakhulu. Niyabo, uma kungenzekanga ngonyaka wokuqala, ngonyaka ozayo kwakuzoba yisimangaliso esikhulu kakhulu, ngoba kwase kukudala ngeminyaka emibili. Futhi wanqwabela leyominyaka, lapho eya ngokuba mdala, nomzimba wakhe waphela. Izizalo zikaSara, isizalo, noma sa (sathola) singabambi. Futhi ngakho–ke amandla akhe ayengasekho, futhi kwakukhona . . . Akunakwenzeka nhlobo.

²⁶ Nake nacabanga ukuthi uNkulunkulu wenzani lapho na? Niyabo, Akazange kakhulu kangako nje njengokwenza isizalo sakhe sibambe. Ngokuba, khumbulani, ukuba Wenza lokho, manje–ke khumbulani ukuba Wenza lokho . . . babengenawo lamabhodlela anempilo nahlanzwe amagciwane, lezozinsuku, ukuba banike ingane, ubisi oluphuma enkomazini. Niyabo? Futhi Wadingeka a . . . Imithambo yakhe yobisi wase wome nkwe. Ngakho Wa–Wayengenakuba . . . Kwadingeka kube nento ethize eyenzekayo.

²⁷ Manje–ke, bukani owesifazane, eneminyaka eyikhulu ubudala, ukuba asikwe. Inhliziyo yakhe yayingeke ikumele. Kul’khuni manje kowesifazane, oneminyaka engamashumi amane ubudala, ukuba akwenze. Inhliziyo yakhe yayingeke ikumele. Ngakho niyazi ukuthi Wenzani na? Uma nizoqaphela . . .

²⁸ Manje ngiyazi abaningi bangahle bangavumelani. Uma lokhu kulungile ukwenza lesisitatimende? Niyabo, ngi . . . Kungaba nje ngukucabanga kwami uqobo.

²⁹ Niyabo, iBhayibheli liyiNcwadi engaphezu kwemvelo. Ilotshiwe ukuze ifihlakale ezikoleni, usiyazi wezenkolo. Bangaki okwaziyo lokho na? UJesu wambonga uNkulunkulu. Wathi, “NgiyaKubonga, Baba, UKufihlile kwabahlakaniphile nabanokuqonda, futhi waKwembulela izingane zona eziyofunda.” YiNcwadi yothando. Uma uthando lukaNkulunkulu lungena enhliziyweni, khona–ke uthandana noNkulunkulu, bese–ke Ezembula Yena uqobo, incazo yeBhayibheli. Ukuhunyushwa kweBhayibheli nguNkulunkulu uqobo lwaKhe ehumusha izithembiso zaKhe. Kodwa, iBhayibheli, Lilotshwe ngokulifunda livaliwe.

³⁰ Manje, njengomkami, o, ungowesifazane oyisimangaliso kulo lonke izwe, futhi ngimthanda ngempela. Uyangithanda. Ngakho uma ngihambile ekhaya, uyongibhalela incwadi, athi, “Bill othandekayo, kulobubusuku ngisanda kulalisa abantwana nje. Sengiwashile namhlanje, nakho konke

akwenzile, kanjalonjalo.” Manje usho lokho encwadini. Kodwa, niyabo, ngimthanda kakhulu impela, futhi simunye kakhulu, ngize ngi—ngikwazi ukuyifunda ivaliwe. Ngiyazi ukuthi ufuna uk’thini, niyabo, noma ngabe uyangitshela lokho noma qha, niyabo. Ngi—ngiyazi ukuthi uchaza uk’thini, ngoba wuthando lwami ngaye, nokuqonda kwami.

³¹ Awu, yileyondlela iBhayibheli elilotshwe ngayo. Niyabo? O—onokuba yisazi semfundo uyokweqa ngaphezulu ngqo; abasoze bakuthole. Niyabo, ufanele uthandane neZwi, Yena, “ukumazi Yena.” Niyabo?

³² Manje, manje phakathi lapha, bhekisisani ukuthi Wenzani. Manje uAbrahama noSara base bebadala bobabili, “begugile,” iBhayibheli lasho. Manje kwakungesikho ukuthi nje ngenxa yokuthi nje babengabantu ababephila isikhathi eside kakhulu lapho. IBhayibheli lasho ukuthi, “Base begugile beneminyaka eminingi.”

³³ Manje qaphelani, masinya emva kokuba lengelosi ibonakele, kade sikhuluma ngayo; eyayinguElohim, uNkulunkulu. Futhi Yathi, yatshela uAbrahama, “Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila.” Manje bhekisisani kwehle njalo, babengumfanekiso weBandla, kuhambe njalo.

³⁴ Manje bukani. Nakhu okwenzekayo. Manje, Akampheshanga nje uSara, futhi aphele uAbrahama. Wababuyisela ekubeni ngowesilisa nowesifazane abasha. Manje lokho kungabonakala kuyisimanga, kodwa manje bhekisisani lonke iZwi, futhi nilihlanganise. IZwi liphefumulelwe, futhi nizofanele niphefumulelwe neZwi. Manje, khumbulani, masinya emva kwalokho, masinya emva kokubonakala kwaleNgelosi . . .

³⁵ Sengathi ngiyakubona nje lokho, lezozinwele ezimpunga zikaSara, uogo omncane neshali ehloambe lakhe, nekepisi elincane elinolithuli, ephethe ubhoko, ehamba ejikeleza. “Mina, ngibe nenjabulo nenkosi yami, nayo isigugile, futhi na?” Niyabo? Futhi nangu uAbrahama wayelapha, lentshebe ende, ebambelele obhokweni, njengoba wayenjalo, esegugile eneminyaka eminingi.

³⁶ Futhi ngiyabona, ngokusa okulandelayo, amahlombe akhe aqala ukuqonda, isifumbu siyaphuma ngemuva kuye. Owesifazane izinwele zakhe ziqala ukujika. Babuyela ekubeni ngowesilisa nowesifazane abasha. Ekhombisa nje Azokwenza eNzalweni yobuKhosi kaAbrahama, niyabo, uma sesi “guqulwa ngesikhashana, ngokuphazima kweso, futhi sihlwithwe kanyakanye.”

³⁷ Bhekisisani ukuthi kwenzekani. Manje ake ngikufakazise lokhu kini. Manje bathathe uhambo ukusuka kuleyondawo ababekuyo, lapho eGomora; futhi bahamba yonke indlela beya eGerari, ezansi ezweni lamaFilisti. Niqaphelile na? Kumakeni

emephini, ukuthi kukude kangakanani. Kuluhambo impela kubashadikazi asebe badala kangako.

³⁸ Bese kuthi-ke, ngaphandle kwalokho, e—ezweni lamaFilisti lapho, kwakukhona inkosi esencane egama linguAmaleki, futhi yayifuna umfazi. Futhi wayenawo onke lawomantombazane amahle amaFilisti, kodwa lapho esebone ugogo, wathi, “Ubukeka emuhle,” futhi wathandana naye futhi wayefuna ukushada naye. Kunjalo. Ehhe. Niyabo, wayemuhle. Niyabo?

³⁹ Wayesephenduke waba ngowesifazane osemusha. Qaphelani, wayefanele, ukuba alethe lowomntwana. UNkulunkulu wamenza isidalwa esisha. Futhi wayefanele, ukuba akhulise lomntwana. Futhi khumbulani, uAbrahama, “umzimba wakhe usufana nofile,” noSara wafa ngenkathi uAbrahama e... UIsaka wayeneminyaka engamashumi amane-nanhlanu ubudala, ngiyakholwa, ngenkathi uSara efa. NoAbrahama washada nomunye wesifazane futhi waba namadodana ayisikhombisa ngaphandle kwamadodakazi, emva kwalokho. He-he! Amen.

⁴⁰ Niyabo, ifundeni ivaliwe. Ngumfanekiso. Kuyakhombisa lapho ukuthi Uzokwenzani kubo bonke Abantwana baka Abrahama. Nje sisondele kukho khona manje, ngakho amahlombe ethu aseqhothile nakho konke akwenzi mehluko, bangani. Nezinwele zethu ezimpunga nanoma yini, akunandaba manje. Asibuki emuva. Asibuke phambili kulokho esiza kukho.

⁴¹ Futhi khumbulani, lesisibonakaliso esisibonayo, sasiyisibonakaliso sokugcina uAbrahama noSara wakhe abasibonayo, ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ibekhona. Sikholwa ukuthi sikulelohora.

⁴² Ukhokho, emva kokuzalwa kwalomfana. Ungathini nje uIsaka, cishe eneminyaka eyishumi nambili ubudala; othandekayo omncane, umfana onwele zisongene, amehlo amancane ansundu na? Sengathi ngiyabona ukuthi lowomama wazizwa enjani; owesifazane osemusha omuhle, futhi ngakho, noyise. Futhi ngoluny’usuku, uNkulunkulu wathi, manje, isibonelo; sikude le, ihora elizofika. “Ngikwenze uyise wezizwe, ngalomfana, kodwa Ngifuna uthathe lomfana umenyusele esiqongweni sentaba eNgizokukhombisa yona, futhi Ngifuna umbulale phezulu lapho, abe ngumhlatshele.” Wawungathini nje ngalokho na?

⁴³ Manje awukaze ucelwe ukuba uye ekuhlolweni okunjalo. Akakwenzi lokho manje. Lezo kwakuyizibonelo, amathunzi.

⁴⁴ Ngabe uAbrahama wesaba na? Qhabo, mnumzane. UAbrahama washo lokhu, “Ngiqinisekile ngokugcwele ukuthi Unamandla ukumvusa kwabafileyo, ngokuba ngamemukela njengovela kwabafileyo. Futhi uma lowomyalo kaNkulunkulu ungitshele ukuba ngenze lokhu, futhi ngihlale ngokwethembeka kukho, futhi kwazuzisa, ukuba ngiphiwe

indodana; uNkulunkulu unamandla ukuyivusa kwabafileyo; lapho engayemukela khona, njengokufanisa.”

⁴⁵ O, he, mngani! Uma uNkulunkulu epha nina maPentecostal uMoya oNgwele, ukukhuluma ngezilimi, benifanele kakhulu kangakanani ukuba nikholwe amandla aKhe aphilisayo, nokulunga kwaKhe nesihawu! Uma Akwenza lokho, kumelene nabo bonke osiyazi bezenkolo ezweni! Bathi kwakungenakwenziwa, kodwa uNkulunkulu wakwenza ngoba Wakwethembisa. Manje yima ngeSibhamu sakho, iZwi lakho, iNkemba yakho, kholwa iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula!

⁴⁶ Qaphelani, manje, wamthatha uhambo lwezinsuku ezintathu ukusuka lapho, neminyuzi. Manje ngingahamba, ngenkathi ngisahamba ngiqapha, ngangihamba amamayela angamashumi amathathu nsuku zonke, ehlane; futhi sasinezinyawo zikapetroli, sikhuluma kanjalo. Kodwa lawo indoda, indlela kuphela ezokuthutha zabo, kwakuphakathi kokuthi bagibele imbongolo noma—noma bahambe phansi. Futhi wahamba uhambo lwezinsuku ezintathu ukusuka lapho ayekhona, wayese—ke ephakamisa amehlo akhe, phandle ehlane, wayeseyibona intaba isekude.

⁴⁷ Wathatha uIsaka wayesebopha izandla zakhe. Okungukuthi, sonke siyazi, kuGenesisi 22 lapha, ngumfanekiso kaKristu. Wamholela phezulu entabeni, wambopha, njengoJesu waholelwa phezulu entabeni, eNtabeni yaseKalvari; umfanekiso kaNkulunkulu enikela ngeNdodana yaKhe, kusobala.

⁴⁸ Kodwa ngenkathi befika phezulu lapho, futhi wayengolalelayo, uIsaka uqala ukusolasola. Wathi, “Baba, nazi izinkuni, nanti ialtare, nanku umlilo, kodwa uphi umhlatshelo na?”

⁴⁹ Futhi uAbrahama, lokho kwazi engqondweni yakhe, nokho iZwi likaNkulunkulu limi phandle lapho, wathi, “Ndodana yami, uNkulunkulu unamandla okuZibonela umhlatshelo.” Wabiza indawo, “Jehova—Jire.”

⁵⁰ Futhi ngenkathi ebopha indodana yakhe, yalalela kwaze kwaba sekufeni; wayilalisa phezu kwe altare, wahosha ummese emgodleni, wayeseqala ukuthatha impilo yendodana yakhe uqobo. Futhi, ngenkathi enza, Into ethize yabamba isandla sakhe, yayisithi, “Abrahama, misa isandla sakho.”

⁵¹ Futhi ngalesosikhathi, inqama yakhala, emva kwakhe, nezimpondo zayo zigaxeke ehlane.

⁵² Senake nacabanga, yavelaphi leyonqama na? Khumbulani, izwe ligcwele amabhucsi nezimpisi nojakalase, nalezozilwane ezishwabadela izimvu. Futhi wayekude kangakanani emuva empucukweni na? Futhi, ngaleyonkathi, phezulu esiqongweni sentaba, lapho okungekho—manzi. Futhi wayecoshe amatshe,

macala onke, ukuba enze ialtare. Yavelaphi leyonqama na? Niyabo?

⁵³ Kodwa kwakungesiwo umbono. Wayibulala inqama; yayinegazi. Wathini na? “UNkulunkulu unamandla okuZibonela umhlatsshelo.”

⁵⁴ Uzophuma kanjani kulesosihlalo na? Uzosinda kanjani *lowomntwana* onokugongobala, noma *wena* kulesosihlalo, *wena* lapho, *wena* onenkathazo yenhliziyo na? Noma ngabe yiyiphi indaba, “UNkulunkulu unamandla okuZibonela.”

⁵⁵ UAbrahama wakukholwa. Ukhokho wahlala ngokwethembeka esithembisweni. Futhi Unikeza isithembiso, ukuthi, “Inzalo yakho! Ngoba ulikholiwe iZwi laMi, futhi kungakhathaleki ukuthi simo sini, inzalo yakho iyonqoba isango lesitha sayo.”

⁵⁶ Ngani na? Sonke isitha esiqhamukayo, njengokufanekisa, simelene noAbrahama, uAbra- . . . Isitha sokuthi, “Owesifazane usemdala kakhulu. Sengimdala kakhulu. Konke *lokhu*, nakho konke okunye.” Wayesalokhu ehlezi ethembeke ngqo kulesosithembiso.

⁵⁷ Manje, umuntu onalokho kukholwa, usayo lokhu ethatha iZwi likaNkulunkulu kungakhathaleki ngezimo. Manje, uma ungenakukwenza lokho, khona-ke awusiyo iNzalo ka Abrahama. Lokho ngukukholwa uAbrahama ayenakho, inzalo yakhe.

⁵⁸ Isithembiso sika Abrahama sasiyileyo “Nzalo” yakhe, manje iNzalo yakhe yobukhosi, futhi, njengoba nginitshelile esikhashaneni esedlule. Naloluphawu Alunika uAbrahama, lwaluwuphawu lwesithembiso. Nenzalo yobukhosi, ngokwabase Efesu 4:30, ngukuthi “ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele,” emva kokuba babekumele ukuhlolwa. Zamani ukukucabanga.

⁵⁹ Abaningi bacabanga ukuthi banoMoya oNgcwele. Abaningi bazisho ukuthi banoMoya oNgcwele. Abaningi bangakhombisa obuningi ubufakazi obubonakalayo nezibonakaliso zakho. Kodwa, noma kunjalo, uma kungenakuhlala naleliZwi, akusiwo uMoya oNgcwele. Niyabo?

⁶⁰ Ukholwa yiwo onke amaZwi, khona-ke ubekwe uphawu emva kokuhlolwa. Uma sikholwa yizozonke izithembiso eZwini, khona-ke sibekwa uphawu ngoMoya, ukuqinisa isithembiso. Yilokho-ke, kuyilokho uAbrahama, indlela akwenza ngayo. Bese-ke, bese kuthi-ke kuphela, sinelungelo ukunqoba isango lesitha sethu. Ungeke wakwenza uze kuqala ube yileyoNzalo. Khumbula, eBhayibhelini . . .

⁶¹ Ngakhuluma ngakho, eHouston noma ndawo ndawo, okunye . . . noma, ngiqonde iDallas. *UPhawu*.

62 Niyabo, i—iJuda lalingakhombisa, ezansi kwaIsrayeli, ukuthi laliyiJuda ngokusokwa. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Nxaxaxa Ngibona igazi! Negazi liyakuba kini luphawu.”

63 Ukuphila okwakusegazini kwakungenakuza kumkhonzi, ngoba, awu, kwakungukuphila kwesilwane, kwakuyisithunzi kuphela senyukela ekuPhileni kwangempela. Bese—ke, isithako semvelo, igazi uqobo lwalo, lalifanele lifundwe phezu komnyango nezinsika zomnyango.

64 Libhecwa ngehisophi, okuwukhula olwejwayelekile nje, kukhombisa ukuthi awudingi ukuba ube nokunye ukukholwa okukhulu. Ufanele ube nokufanayo nje, ukukholwa onakho, njengoba usuke uzodumisa imoto yakho, uza enkonzweni. Niyabo? Inqwaba yabantu ucabanga ukuthi bafanele babe yinto ethize. . . Kodwa qhabo, qhabo, yiphutha lelo. Ukukholwa okwejwayelekile nje yilokho kuphela ofanele ubhece iGazi ngakho. Uzwe iZwi, futhi ukholwe iZwi, Libhece, yilokho kuphela. Cosha ukhula nje nomaphi lapho ePalastina, kwakuyihisophi, ukhula oluncane nje olwalumile emifantwini yazindonga, nangapha nangapha, balucwilise egazini layo bese belibeka ekhothamo nezinsika zomnyango.

65 Futhi, khumbulani, angikhathali ukuthi babekanganani esivumelwaneni, ukuthi iJuda lalingakhombisa kangakanani ukuthi lalisokiwe, ukuthi umuntu wayelunge kangakanani, sonke isivumelwano sasichithwa ngaphandle uma u—uphawu lwalulapho. “Nxaxaxa Ngibona igazi,” lodwa.

66 Manje, iGazi manje, uPhawu, akusiso isithako semvelo, isithako semvelo seGazi likaKristu, ngoba Lachithwa ezinkulungwaneni zeminyaka eyedlula.

67 Kodwa, niyabo, lapho i. . . kwakufanele kube yisithako semvelo lapho, ukuphila esilwaneni kwakungenakubuyela phezu komuntu, ngoba ukuphila kwesilwane akunamphefumulo. Isilwane asikwazi okulungile kokungalungile. Yisidalwa esingumuntu esinomphefumulo.

68 Manje, kodwa ngenkathi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, ezelve yintombi, wachitha iGazi laKhe, ukuPhila okwakukuleloGazi lalinguNkulunkulu qobo lwaLo. IBhayibheli lathi, “Sisindiswa ngukuPhila, iGazi likaNkulunkulu.” Hhayi igazi leJuda, hhayi igazi loweZizwe; kodwa ukuPhila kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wadala lelingqamuzana leGazi, lizalwa yintombi. Yayingazi—ndoda, kanjalo ayi. . . kanjalo neqanda avelanga kuyo.

69 Ngiyazi abaningi benu bantu bafuna ukukholwa ukuthi iqanda lakwenza. Iqanda lingeke laba khona ngaphandle kokuvuka komuzwa, wayengabe wenzani—ke uNkulunkulu na? Niyabo?

70 Wadala kokubili iqanda nengqamuzana leGazi, nalelo kwakuyitabenakele likaNkulunkulu, elingcwele.

“Angiyukuvuma ukuba ONgwele waMi abone ukubola.” Niyabona lapho iqanda liza khona na? “Angiyukushiya umphefumulo waKhe ehayidese.” Umzimba waKhe wawungwele! O, he! Awu, ungeke wakukholwa lokho, ungazibiza kanjani ngomKristu na?

⁷¹ “Sisindiswa ngeGazi likaNkulunkulu.” Kulapho-ke ukukholwa kwami. Hhayi ukuhamba phandle lapho egazini lomprofethi, hhayi ukuhamba phandle lapho egazini lomuntu ojwayelekile, noma umfundisi, noma usiyazi wezenkolo. Sihamba lapho eGazini likaNkulunkulu. UNkulunkulu washo njalo. Uba yisidalwa esingumuntu. Washintsha umucu waKhe. Welula ithende laKhe lapha, nathi, futhi uba ngomunye wethu. UnguMhlengi wethu oyisiHlobo somndeni. Wadingeka abe ngowomndeni kithi, ngoba lowo kwakungumthetho. UNkulunkulu waba ngumuntu futhi wakha phakathi kwethu.

⁷² Qaphelani ukuthi lokho kukanjani, ekwenzeni lokhu, Yena evela kuYe, wayenguNkulunkulu, uMoya, nalowoMoya uba phezu kwekholwa. Ngakho-ke, ukuPhila okwakuseMhlatshelweni wethu, sikhonjwa yilokho kuPhila okufanayo.

⁷³ Manje-ke bangakubona kanjani ukuPhila kukaNkulunkulu kuhamba phakathi kwabantu, futhi baKubize ngento engahlanzekile, Lokho kube kuyinkomba yoMhlatshelo wethu na? “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” UkuPhila kwaKhe kubuyela phezu ko sacri- . . . eMhlatshelweni, njengoba sibeka izandla zethu phezu kwaWo futhi sizikhomba ukuthi sifile emicabangweni yethu uqobo. Manje-ke singawavumela kanjani amahlelo asifulele ezivumwenikholo nezinto, futhi sithi siyaKukholwa na? Sifile kulezizinto.

⁷⁴ UPawulu wathi, “Akukho nayinye yalezizinto engikhathazayo,” ngokuba wayeboshelwe oqobweni, uKristu. Futhi noma yiyiphi impumelelo ezuziwe iboshelwe oqobweni, noqobo lwami yiZwi. Nawo wonke omunye umuntu unjalo, lokho ngu-lokho ngempela ngukuzalwa nguMoya, uqobo lwabo yiZwi likaNkulunkulu. Ngiboshelwe kuLo. Ngibeke izandla zami phezu kwaLo. Futhi Lathatha indawo yami, futhi ngizibandakanye naYe. Sasazi ukuthi Wethembisa ukuzibandakanya Yena uqobo nathi. Lokho kuletha ukukholwa kwangoqobo; hhayi ukukholwa okungokwakho, kodwa ukukholwa kwaKhe; into ongayilawuli. Uyakwenza. Manje qaphelani. Manje-ke, futhi manje-ke kuphela, ngenkathi i . . . yisithembiso esenziwe kuwe.

⁷⁵ Akunandaba ukuthi mangaki amabandla owawajoyinayo, ukuthi ubhaphathizwe kangaki; ubuso bubheke phambili, uqethuke, noma yiyiphi indlela ofuna ngayo. Kuze kubekwe

loloPhawu phezu kwakho, khona-ke awunalungelo lokuthi uzibize ngoxhumene noMhlatsshelo wakho.

⁷⁶ Futhi luyini uPhawu lukaNkulunkulu na? Abase Efesu 4:30, bathi, “Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enibekwe ngaye uphawu kuze kube luSuku lokuhlengwa kwenu.” Hhayi ukusuka emvuselelweni eyodwa kuya kwenye, kodwa nibekwe uphawu Phakade kuze kube luSuku enihlengwa ngalo nibuye.

⁷⁷ Futhi, khumbulani, uma wawungakaze ube semicabangweni kaNkulunkulu, awusoze waba noNkulunkulu. Bangaki awaziyo ukuthi Wayengumhlengi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, manje-ke, noma yini ehleliwe izofanele ibuyele lapho eyawa khona. Ngakho uma Efikela ukusihlenga, besingakwenza kanjani, ngesinye isikhathi sasingadingekile ukuba sihlengwe, futhi sonke sa “zalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, sifika ezweni sikhuluma amanga”? Kukhombisa ukuthi umKristu wangempela uyingxenywe engehlukaniseki yokucabanga kukaNkulunkulu, izwe lingakabikho, noma inkanyezi, noma umoya, kumbe noma ini enye. Kuphakade, futhi Ufikela ukusihlenga asibuyise. Ngumcabango kaNkulunkulu, wakhuluma kulo izwi, labonakaliswa futhi li re- . . . wasibuyisela emcabangweni waKhe.

⁷⁸ UMhlengi oyisiHlobo somndeni! Yingalesosizathu uNkulunkulu uqobo lwaKhe wadingeka abengomunye wethu, ukuba ahlenge. Akukho okunye okwakungakwenza. INgelosi yayingenakukwenza, akukho lutho okunye. Wadingeka ehle, alingwe njengoba silingwa, ukuba asihlenge.

⁷⁹ Qaphelani manje inzalo ka Abrahama yemvelo. Ake sihlole ezinye zaleyonzalo yemvelo, futhi sibone uma uNkulunkulu aligeina iZwi laKhe ngenzalo yemvelo, okwakungu Isaka. Ake sihlole ezinye zenzalo yemvelo ezazikholwa isithembiso esigcwele sikaNkulunkulu futhi zazingenambuzo. Manje khumbulani, kwakunamashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulunganwe eziphindwe kazinkulungwane eziphindaphindiwe eyasokwa nakho konke okunye, futhi yayisalokhu ingesiyo iNzalo ka Abrahama. Impela, “Lowo oyiJuda ngaphandle akasilo iJuda; lowo oyiJuda ngaphakathi.” Bona, abaningi babo, behluleka, behluleka kamunyu.

⁸⁰ Bukani, ehlane, bathi, “Thina . . .” Usuku lwePhasika, noma ekuphuzeni emthonjeni, uJohane oNgcwele 6. Bonke babethokoza.

⁸¹ UJesu wathi, “NgiyileloDwala elalisehlane. NgiyiSinkwa esivela kuNkulunkulu, siphuma eZulwini, uma umuntu engadla kuso futhi angafi.”

⁸² Bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane, iminyaka engamashumi amane.”

Wathi, “Futhi bona, bonke, bafile.”

⁸³ *Bafile*, thatha lelogama bese ulihambisa, ubone ukuthi lichaza ukuthini, “Behlukaniswe Phakade.” Nokho, babeyinzalo ka Abrahamama. *Ukufa* kuchaza “ukwehlukaniswa, ukushabalaliswa, okubhujiswe kwaphela, ukushabalaliswa.” UJesu wathi babefile, bonke, nokho babengamaJuda asokiwe.

⁸⁴ Niyabo, bafo ndini, ngoba nje siyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, sinokuvuma okuncane, nezinto ezinjalo; udeveli ukholwa kakhulu impela nje njengoba senza.

⁸⁵ Kodwa ufanele ubandakanywe naLo. UNkulunkulu uzofanele aLifakaze kukho, ngokubeka uphawu ngoMoya oNgcwele. Akukho—mbuzo weZwi!

⁸⁶ Uma uthi, “Awu, manje, lokho kwakungokolunye usuku,” kukhona okungalungile.

⁸⁷ Uma—ke indoda iza igijima, wase uyitshela ukuthi ukukhanya kwakukhanya, bese igijimela phansi endlini engaphansi, yathi, “Ngiyakwala nje. Ngiyakwala nje. Ayikho into ethiwa ukukhanya. Angikukholwa”? Bekungaba khona okungalungile ngaleyondoda. Ibiyobe igula ngokwengqondo. Uma yala imisebe yakho efudumele namandla akho anikeza ukuphila, kukhona okungalungile kuyo, ngokwengqondo.

⁸⁸ Futhi uma umuntu ebona iZwi likaNkulunkulu, lenziwe laba sobala phambi kwakhe, futhi lakhonjwa, bese—ke evala futhi ehlise amakhethini akhe ehlelo, kukhona okungalungile ngalawomuntu, ngokomoya. Kukhona okungalungile kuye. Kukhona okungalungile ngokomoya. Angeke nje aLemukele. “Uphuphuthekile, futhi akakwazi,” uqhubekele ekwaHlulelweni, noNkulunkulu uyoba ngumehluleli.

⁸⁹ Qaphelani ngenkathi be—benza lokhu, nalezizinzalo manje ezaLikholwa, bhekisisani ukuthi kwenzekani. Ake sihlale ezinye zazo manje, inzalo ka Abrahamama.

⁹⁰ Asithathe abantwana bamaHeberu, ngoba bama ngokwethembeka futhi babengenakukubezelela ukukhonzwa kwesithombe. Bala ukukhothamela isithombe inkosi yesizwe eyayisenzile. Senziwa ngomuntu ongcwele, futhi, isithombe sikaDanyeli.

⁹¹ Kwakhombisa ukuthi isizwe sabeZizwe sangeniswa phansi kohlangothi lwamanga, lokukhonza isithombe somuntu ongcwele. Siphuma ngendlela efanayo, lapho abantu beyophoqwa ukuba bakhonze izithombe zabantu. Kungena ngesambulo, sikaDanyeli ekwazi ukuhumusha iZwi, elalilotshwe ngesandla odongeni. Yileyondlela esingena ngayo, futhi yileyondlela esiphuma ngayo, indlela efanayo, yesithombe soweZizwe.

⁹² Qaphela, bala ukukwenza. Futhi benzani na? Babeyinzalo ka Abrahamama bemi bethembekile eZwini, futhi balinqoba

isango lesitha, lomlilo. Bakwenza. Awu, iZwi likaNkulunkulu liqinisile.

⁹³ UDanyeli, wahlololwa ukukhonzwa kukaNkulunkulu weqiniso oyedwa. Wahlololwa lokho. Futhi ngesikhathi sokuhlolwa, wakumela ukuhlolwa. Futhi uNkulunkulu wenzani, emva kokuthi kwakubonakala sengathi izinto zazimbhedela, njengoba besingasho na? Futhi babengazi ukuthi benzenjani. Babezomdlisa ngebhubesi. Kodwa uDanyeli wahlala ngokwethembeka ekuhlolweni, ukuthi kunoNkulunkulu weqiniso oyedwa, futhi walingoba isango lesitha sakhe. UNkulunkulu wayevale umlomo webhubesi.

⁹⁴ UMose wahlala ngokwethembeka ezwini elithenjisiwe, phambi kwabazifanisa nabany'abantu bamanga, uJambre noJane, ekuhlolweni. Bukani, uNkulunkulu wayehlangane naye, ngokungaphezu kwemvelo, wamtshela ukuba ahambe enze lezizinto, akhombise lezizibonakaliso, futhi isibonakaliso ngasinye sasizoba nephimbo. UMose wehla ngqo, ngokukhulu nje ukwethembeka ayekwazi. Waphosa phansi izinduku, futhi yaphenduka inyoka. Niyazi ukuthi kwenzekani na? Nakhu kufika abazifanisa nabany'abantu futhi benze into efanayo.

⁹⁵ Manje, uMose akaphosanga izandla zakhe phezulu, athi, "Awu, ngiqagele konke kuyiphutha." Wahlala lapho wayeselinda uNkulunkulu. Wahlala ngokwethembeka. Akunandaba ukuthi bangaki abazifanisa nabany'abantu owayekhona, wahlala ngokwethembeka. Futhi ngenkathi ehlala ngokwethembeka ekuthunyweni kwakhe, ukukhipha labobantu kuleyondawo. Ngenkathi isango lamanzi lingena endleleni yakhe uNkulunkulu wamvumela alinqobe, futhi Wavula isango ngeNsika yoMlilo eyayimhola. Wathatha abantu wabayisa ezweni elithenjisiwe.

⁹⁶ UJoshuwa, omunye umholi omkhulu. Ababili kuphela e. . . baya ezweni elithenjisiwe, uJoshuwa noKalebi. Bafika endaweni ethiwa yiKadeshi, okwakuyisizinda sezwe ngalesosikhathi, ehangokuthi leso kwakuyisihlalo sokwahlulela. Futhi, o, bathumela izinhlozi eziyishumi nambili ukuba zibuke izwe, neziyishumi nambili zazo ziyabuya.

⁹⁷ Eziyishumi zazo zathi, "O, ngumsebenzi omningi kakhulu. Asikwazanga nje ukukwenza. Awu, labobantu, sibukeka sifana nezintethe ngakubo."

⁹⁸ Kodwa wenzani uJoshuwa na? Wabathulisa abantu. Wathi, "Ake nime kancane. Sinamandla angaphezulu ukuba silidle, akunandaba ukuthi sibancane kanjani, noma siyidlazana elingakanani." Wayenzani na? Wayemi ethembekile kulesosithembiso, "Ngininika lelizwe," kodwa lwelani lonke i intshi lalo.

⁹⁹ Uyakukholwa lokho, mama na? UNkulunkulu ukunike ukuphiliswa kwakho, kodwa uzolilwela lonke i intshi lakho. "Noma kuphi amathe ezinyawo zenu luhlala khona, lokho

Ngininikela ukunqoba.” *Amanyathelo* kuchaza “ukunqoba.” Konke kungokwenu, zonke izithembiso zingezenu, kodwa nizolwela onke ama intshi endlela phakathi manje.

¹⁰⁰ Manje, uJoshuwa wayazi ukuthi uNkulunkulu wathini. Wayeyinzalo ka Abrahamama. Niyabo? Wathi, “Ngiyakukholwa lokho, ukuthi uNkulunkulu usinika izwe, futhi sinamandla angaphezulu ukuba silidle.” Futhi ngoba wakumela ukuhlolwa, ngokumelana nalo lonke iqembu labakwaIsrayeli, zonke izizwana nabo bonke abantu balila futhi bakhala. UJoshuwa wathi, “Thulani du! UNkulunkulu wenza isithembiso.”

¹⁰¹ Akunandaba ukuthi nibakhulu kanjani, nokuthi esimelene nabo banjani, nokuthi udokotela wathini, uNkulunkulu unikeza isithembiso. KukuNkulunkulu ukusenza.

¹⁰² Wenzani na? Ngenkathi ehlela emfuleni waseJordani, wanqoba isango. Yilokho a—akwenzayo.

¹⁰³ I Jeriko, lalivale ngci njengofudu egobolondweni. Wenzani na? Wanqoba isango.

¹⁰⁴ Ngisho usuku olulodwa ngenkathi isitha sakhe sasizama ukumthatha, wanqoba isango lesitha sakhe ngangokuthi wayala ilanga ukuba lime lithule. Nelanga lamlalela, futhi alangajika neze amahora angamashumi amabili-nane.

¹⁰⁵ UNkulunkulu uqinisile esithembisweni saKhe, akunandaba ukuthi Uzofanele enzeni; ashonise amaZulu ngaphambi kokuba Ayekele iZwi laKhe lehlulwe. Akazange enze isithembiso Angesigcine. “NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.” Amen. “Uma ukholwa, konke kuyenzeka.”

¹⁰⁶ UJoshuwa wakukholwa, nakuba uNkulunkulu wadingeka amise umhlaba ekubeni uphenduke. Wawubamba lapho ngamanye aMandla athize, aMandla aKhe uqobo; ukuthi izwe alizange liphenduke amahora angamashumi amabili-nane, uJoshuwa waze waziphindiselela phezu kwesitha sakhe. Wathatha amasango. Impela, wakwenza. UNkulunkulu uqinisile njalonzalo.

¹⁰⁷ Manje ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi ukuba sifinyelele kwamanye futhi amaqhawe, kodwa nginemizuzu cishe eyishumi manje. Bukani, onke lamaqhawe ayigugu, njengoba ayenjalo, namaqhawe amakhulu okukholwa, onke afela esangweni lokufa. Onke abhubha, esangweni lokufa ngqo.

¹⁰⁸ Manje—ke kufika iNzalo yobuKhosi ka Abrahamama. Bonke babeyinzalo yemvelo, kusukela kuIsaka. Kodwa nakhu kufika iNzalo yobuKhosi ka Abrahamama, eyayinguKristu, iNzalo ka Abrahamama yokukholwa; esifanele ukuba yiyo, bonani nje ukuthi ngabe siyiyo noma qha. Inzalo yemvelo yayingumfanekiso kuphela. Bonke abanye wazalwa ngokuzalwa kwemvelo, kodwa Yena ufika ngokuzalwa yintombi. Niyabo, leyo yayingesiyo

eyenzalo ka Abrahamama, ngaleyonkathi, iJuda. Ufika ngenzalo yokukholwa yesithembiso. Futhi, manje-ke, sifanele ukuba abantwana baKhe, ngaloMuntu.

¹⁰⁹ Bhekisisani ukuthi Wenzani. Ngenkathi Esemhlabeni, Wanqoba futhi wadla onke amasango isitha esasinawo; iNzalo yobuKhosi. Wakwethembisa ngeZwi. Wakunqoba. Wanqoba isango lokugula, enzela thina. Yilokho Afikela ukukwenza. Yena, khumbulani, bantu abagulayo, Wanqoba lelosango. Awudingeki ukuba ulinqobe; Walinqoba yena. Abanye abantu badingeka banqobe amasango angawabo. Kodwa wena awudingeki ukuba unqobe; selivele linqotshiwe. Wanqoba amasango okugula. Futhi Wenzani ngenkathi Enqoba amasango okugula, ethi Wayezonqoba na? “Noma yini eniyicela emhlabeni, futhi noma yini eniyibopha emhlabeni, Wayezoyibopha eZulwini,” sinike izihluthulelo kulo isango.

¹¹⁰ Wanqoba isango lokulingwa, ngeZwi. Nezihluthulelo kwakungukuthi, “Melanani nesitha, futhi siyakunibalekela.” Wakunqoba konke; wanqoba konke ukugula.

¹¹¹ Wanqoba ukufa, futhi Wanqoba isihogo. Wanqoba ukufa nesihogo. Wanqoba lokho abanye ababengenakukunqoba, ngoba bangabenzalo yemvelo. Lena yiNzalo yokomoya. Wanqoba amasango ethuna, wayesevuka ngosuku lwesithathu, enzela ukulungisiswa kwethu.

¹¹² “Futhi manje singaphezu kwezinqobi.” Sivele nje sihambe singene kulo ngqo, njengefa, “Ngaphezu kwezinqobi.” Manje sibhekene nesitha esehluliwe. Ukugula kwehluliwe. Ukufa kwehluliwe. Isihogo sehluliwe. Yonke into yehluliwe. O, he! Ngifisa sengathi usayizi wami wawuphindwe kabili, manje mhlawumbe ngizizwa ngikahle ngokuphindwe kabili. Siphikisana nesitha esinqotshiwe.

¹¹³ Akumangalisi uPawulu wakwazi ukusho, ngenkathi babakha iblokwe, ukuba bamnqume ikhanda, wathi, “O kufa, luphi udosi lwakho na? Ngikhombise lapho ongangezisa umyobayobi futhi ngidazuluke. Thuna, kuphi ukunqoba kwakho, futhi ucabanga ukuthi uyongibumba phandle lapho na? Uyiyokukhombisa elingenalutho laphaya; futhi ngikuYe, Uyongivusa ngosuku lokugcina.” Isitha esihluliwe!

¹¹⁴ INzalo yobuKhosi ka Abrahamama! Manje, inzalo yemvelo yayingenakukhomba kuLokho. Kodwa iNzalo yobuKhosi inganqoba, isivele inqobile, ngoba Ihambe phambi kwethu futhi yasinqobela onke amasango. Yona manje, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, Imi phakathi kwethu, uMnqobi onamandla. Akusikho ukuthi Wanqoba ukugula kuphela... Wanqoba ukugula. Wanqoba isilingo. Wanqoba zonke izitha. Wanqoba ukufa. Wanqoba isihogo. Wanqoba ithuna, wabuye wavuka futhi. Futhi eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili kamuva, nangu Uma phakathi kwethu, ngalentambama,

Ezikhomba yena, uMnqobi onamandla! Amen. Uselokhu elapha, ephila, eqinisekisa isithembiso saKhe, iNzalo yobuKhosi kaAbrahama! O, he! Nesitha siyo. . .

¹¹⁵ “Iyonqoba amasango esitha sayo.” Kulabo, iNzalo, Umi lapha ephila ukuba Aziqinisekise kubani na? LezoziNzalo ezamiselwa ngaphambili ezingakubona. Wanqoba lokho. Owathi, emva kokuhlolwa kwakhe, kwesithembiso seZwi, babekwa uphawu ngoMoya oNgcwele, eMzimbeni kaKristu, kubo waqinisa (ini?) AmaHeberu 13:8 ukuthi anjalo. Babekwe uphawu phakathi lapho ngoMoya oNgcwele, lowoMoya oNgcwele owawungo. . . UAbrahama wakubona kungakenzeki; ngokukholwa wakukholwa. Futhi manje siyaKwemukela, sibuka emuva esithembisweni salokho Akusho. NoJohane 14:12 wenziwa aqiniswe ngalolu izinsuku zokugcina, ngoMnqobi ovukileyo, uqobo lwaKhe.

¹¹⁶ Hhayi inqubo ethize; kodwa uMuntu, uKristu, uMnqobi. Hhayi ibandla lami, hhayi ibandla lami leBaptisti, noma iPresbyterian yakho, iMethodisti, noma amaPentecostal, hhayi ngalokho; kodwa ngoJesu Kristu. Uyaphila namhlanje. Wavuka phezu kwalokho, enzela ukulungisiswa kwethu.

¹¹⁷ Futhi ngoba Uyaphila, Wathi nathi siyaphila. “Umuntu akaphili ngesinkwa sodwa, kodwa ngawo onke amaZwi,” hhayi ingxenywe yeZwi, “onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” “NgingukuVuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?” Dlana onke amasango esitha.

¹¹⁸ Wayengamnqoba kanjani uBosworth, kanti uNkulunkulu. . . uBosworth wayekuMnqobi. Futhi yingalesosizathu thi, “Ihora elijabulisa ukwedlula onke lempilo yami likhona manje.” Ehhe. Wayemazi lowoMnqobi onaMandla. Isiqiniseko sakhe sasiphumule naYe. O, he! Manje sesingacula:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade;
Ngoluny’usuku Uyeza, O usuku lwenkazimulo!

¹¹⁹ Kulabo ababonakala behluliwe. UEddy Perronet, ngikholwa ukuthi kwakunguye, akawathengisanga amaculo akhe amaKristu. Akekho owayewafuna. Babengazihlanganisi ngalutho nalo. O, ehluliwe, nekhola! Ngoluny’usuku, uMoya oNgcwele ufika phezu kwakhe. Isango lesitha sakhe, elalingayemukeli incwadi yakhe efundwayo! UMoya watheleka kuye, futhi wadumela ipeni, uNkulunkulu wamvumela abhale iculo lokugcotshwa.

Bayede mandla eGama likaJesu!
IziNgelosi maziwe zilale phansi;
Zilethe umqhele wobukhosi,
Futhi ziMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

¹²⁰ UFanny Crosby oyimpumputhe, ngesinye isikhathi. Bathi, “Kusho ukuthini kuwe na?” Abanye... Akabuthengisanga ubuzibulo bakhe njengoba kwenza uElvis Presley wamaPentecostal, noma njengoba kwenza uBoone we church-of-Christ, noma njengoba kwenza uRed Folley, bethengisa ngamathalenta abo ezweni; banoxhaxha lwezimoto amaKadilake, nesigidi samadola, amarekhode egolide. Kodwa uFanny Crosby wahlala ngokwethembeka endaweni yakhe. Wamemeza kakhulu:

Mawungangedluli, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala kwami kokuzithoba;
Lapho Ubabiz’abanye,
Ungangedluli.

Wena Mfudlana wayo yonke induduzo yami,
Ungaphezu kokuphila kimi,
Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle
kwaKho?
Noma ubani eZulwini kepha nguWe?

¹²¹ Bathi, “Uma uyimpumputhe–ke nxa ufika eZulwini na?”

Wathi, “NgiyoMazi, noma kanjani.”

Bathi, “UyoMazi kanjani na?”

Wathi, “NgiyoMazi.”

Bathi, “Nkk. Crosby, ubungenza amadola ayisigidi.”

Wathi, “Angiwafuni amadola ayisigidi.”

¹²² “UyoMazi kanjani na?” Wathi:

NgiyoMazi, ngiyoMazi,
Futhi ngihlengiwe ngiyoma eceleni kwaKhe;
NgiyoMazi, ng’yoMazi.

¹²³ “Uma ngingeMbone, ngiyozwa amanxeba ezipikili ezandleni zaKhe.” Wanqoba isango lesitha sakhe. Yebo.

¹²⁴ Uma ukuKristu! Wathi, “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ehlala kini; celani noma yisiphi isihluthulelo enisifunayo, celani ukuthi yiliphi isango enifuna ukulithatha; celani enikuthandayo, futhi niyakuphiwa khona. Uma nihlala kiMi, neZwi laMi lihlala kini, ningathatha noma yiliphi isango lesitha elifika phambi kwenu.” NiyiNzalo yobuKhosi ka Abrahamama.

¹²⁵ Hlobo luni lwesango olumi phambi kwakho na? Uma kungukugula, ungaphezu komnqobi ngalo. Manje–ke singasho, sicule leliculo elidala elinomusa:

Zonke izithembiso eNcwadini zingezami,
 Zonke izahluko, onke amavesi li...futhi
 zingezobuNkulunkulu kakhulu,
 Ngithembele othandweni lwaKhe
 lobuNkulunkulu,
 Ngokuba zonke izithembiso eNcwadini
 zingezami.

¹²⁶ Singaphezu komnqobi, neNzalo ka Abrahama iyakunqoba isango lesitha! Uma bethi leziZinto zingenzeke, uma befuna ukuKubiza ngedemoni, noma uBelzabule, noma enye into ethize, uNkulunkulu uqinisekile ukunqoba onke amasango bese ethatha isitha.

Asikhuleke.

¹²⁷ Nkosi, kwangathi iNzalo ka Abrahama...Ngiyazi bazoLibona, Nkosi. Lingehluleka kanjani leloZwi ngaphandle kokushaya kulowoMhlabathi wangempela na? Ngikhulekela ukuthi bazoqonda manje. Kwangathi wonke umuntu oza emgqeni angaphiliswa.

¹²⁸ Nkosi, uma kungaba nabanye phakathi lapha namanje, ongakakwenzi namanje ukuvuma kwabo, engamanga obala futhi wamela uKristu, elungele ukudela zonke izivumokholo nezibandayo, ezokugcina umthetho ngamehlo nje, izinto ezifile okubasuse kuWe. Futhi kwangathi bangama manje, futhi bathi, “NgizoMemukela njengoMsindisi wami.” Khona-ke Uzobamela ngaloloSuku.

¹²⁹ Sisakhothamise amakhanda ethu, uma kukhona labo abangathanda ukuma umzuzwana nje, benzele umkhuleko, bathi, “Ngifuna ukuMmela manje, ukuthi Uyongimela ngaloloSuku, eBukhoni baKhe bobuNkulunkulu.” Ngiyanicela, futhi ngininika ithuba ukuba igama lenu libekwe eNcwadini yokuPhila, uma nizoma. Anginiceli ukuba nijoyine noma yiliphi isonto. Nginicela ukuba nize kuKristu, uma nilapha futhi ningaMazi.

¹³⁰ UNkulunkulu akubusise, ndodana. Ngabe ukhona omunye, othi, “Ngi-ngifuna ukuma manje.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. “Ngifuna...” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. “Ngithatha isinqumo sami sokuma, ngalentambama.” Lababantu abakahle, abesilisa nabesifazane, besukumile, “Ngizothatha isinqumo sami sokuma, ngalentambama.”

¹³¹ Nalolosuku uma udokotela ethi, “Awu, isiphihli sengozi; igazi lakhe liyachitheka, ukufa kuphezu kwakhe, noma phezu kwakhe owesifazane.” Noma, ngokunye ukusa, uyokhumbula isinqumo sokuma kwakho. Mmele manje.

¹³² “Uma unamahloni ngaMi phambi komuntu, Ngiyakuba namahloni ngawe phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele. Kodwa uma uyoNgivuma phambi komuntu,

lowo Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.”

¹³³ UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Bangabakhona abanye kuvulande osesitezi ndawo ndawo na? Khona manje, sisalindile. Abanye babo, abanye futhi kwiphansi elikhulu na? Kulungile. Ngikuthatha ezwini lakho, mngani.

¹³⁴ Uma iZwi liwela eMhlabathini ovundile, njengowesifazane omncane emthonjeni, wa—waqonda. Wayemelwe eZulwini, kusukela efound-... ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ngenkathi lokho kuKhanya kushaya kuLo, waLiqonda.

¹³⁵ UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Lelo yiqhawe... UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Ungahle ukuba wenze izinto ezinkulu empilweni yakho; wenza into enkulu edlula zonke owake wazenza, manje, mela uKristu.

¹³⁶ Baba wethu waseZulwini, imbewu iqathakele komunye umhlabathi, ngalentambama. Sibona ukuPhila kuvumbuka. Abesilisa nabesifazane bema ngezinyawo zabo, neso likaNkulunkulu elibona konke, Osezindaweni zonke, owazi konke, onamandla onke, liyababona. BangabaKho, Baba. Ngibethula kuWe manje, njengemiklomelo.

¹³⁷ Kwangathi lesisehlakalo sabo bemi lapho manje, bekwazi abakwenzile, bazi ukuthi lokhu kuchaza ukuthini, ukuthi bamela ukuthatha isinqumo sokuma kwabo nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Kwangathi bangahlala njalonjalo bethembekile kuze kube yiloloSuku bema eBukhoni baKho, khona—ke leloPhimbo elithandekayo liyothi, “Yebo, ngolunyusuku eBoton Rouge, noma indawo encane ebizwa ngokuthi iDenham Springs, waNgimela, Baba, manje Ngizommela, noma yena owesifazane.” Sipe khona, Nkosi. BangabaKho, eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu anibusise, ngokuma kwenu. UNkulunkulu aze a...

¹³⁸ Manje ngenzeleni lento eyodwa. Tholani, uma ningalapho lababelusi bengakhona, bonani abambalwa, nikhulume kubo. Uma beningakabhaphathizwa namanje, ngombhaphathizo wobuKristu, yenzani njalo. Ngena wena uqobo phakathi kwamakholwa manje, amakholwa angempela, hhayi abazenzisi; amakholwa angempela.

Sisakhuleka, asikhulekele lamaduku.

¹³⁹ Baba waseZulwini, lamaduku seliyaphuma manje; ukuthi liya kuphi, angazi. Mhlawumbe omunye ubabayi oyimpumpu the osemdala ehlezi khona lapho lapha exhaphozini elincane ndawo ndawo, elinde leliduku lifike; ingane encane ilele lapho embhedeni wasesibhedlela; umama emile, ngokuphiyaza, elinde ukubuya kweduku. Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Wena uzohamba nabo. Futhi kube wuphawu loBukhona baKho

namhlanje, nokukholwa kwethu kuWe njengoba sishumaye le iZwi laKho, kwangathi ukukholwa okwakukuAbrahama, nokukholwa okwavezwayo futhi sakuphiwa nguJesu Kristu, kwangathi kungahamba nalamaduku futhi uphilise wonke lowo elibekwa phezu kwakhe. Siyawathumela, eGameni likaJesu. Amen.

¹⁴⁰ Manje umzuzwana nje, singakawubizi umugqa womkhuleko. UNkulunkulu onamandla onke, Omkhulu, Onele konke... Ngiyacela, bangani, ngi—ngizoqala ngikhulekela abagulayo, futhi ngi... Mhlawumbe, uma sehla, ngi—ngingahle ngingatholi kusho lutho kini; abanye benu bangahle bahambe ngaphambi kwalesosikhathi. Noma ngabe uyini, uma ungazange ngisho ume, esikhashaneni esedlule, futhi awuqinisekile... .

¹⁴¹ Uma uyilunga lebandla, leyo yinto enhle, kodwa lokho akwenele kahle. Uyabo, umbusi oyisicebi esisesincane wayeyilunga lebandla. Niyabo? Wabuza uJesu ukuthi wayengenzenjani ukuze abe nokuPhila okuPhakade. Akazange aKwemukele. Wasuka wahamba. Into ewubuwula kanje pho kuleyonsizwa ukuba iyenze. Ungathathi indawo yayo. Niyakhumbula ikhonjwa okokugcina na? Kamuvanyana, yaphumelela. Yaceba kakhulu. Yafika endaweni kwaze kwathi ngisho nezinqolobane zayo zaqhuma. Kodwa manje—ke sithola inkomba yayo yokugcina, esihogweni, amalangabi ehlupha. Ningakwenzi, ningakuvumeli lokho kwenzeke kini. Yemukelani uKristu.

¹⁴² Nina bantu abasha, nina mantombazane amancane, bafana abancane, ekujikeni kokuphila nje, sizani ningakwenzi lokho. Ngizweni, njengo—njengomfowenu, lowo onithandayo. Ngilapha ngoba ngiyanihanda. Ngiyamthanda uNkulunkulu, futhi ngiyanihanda, futhi ngingeke ngamthanda uNkulunkulu uma nginganithandi.

¹⁴³ Ngingaqoka kaninginingi, ukuba beninesincomo ukusedlulisa, sedluliseleni endodaneni yami khona lapho, noma omunye wabantwana bami. Ake nje ngi... Mina, ngizohamba ngaphandle kwaso. Noma yimuphi umzali uyokwenza lokho; uyokwenzenjalo noNkulunkulu. Niyabo? Thandani abantu baKhe. Thandanani.

¹⁴⁴ Wena uthi, “Ubathethiselani na?” Uthando lwangoqobo luyaqondisa.

¹⁴⁵ Uma umntanakho ehlezi phandle emgwaqeni; uthi, “Awu, nanguya uJunior ehlezi. Ubengafanele akwenze lokho, kodwa angifuni ukulimaza imizwa yakhe emincane.” Awumthandi. Uzobulawa lapho. Uma umthanda, uzomngenisisa bese umthwansula. Uzomenza alalele.

¹⁴⁶ Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo. Uthando luyaqondisa, nalolo wuthando lwangoqobo.

147 Uma umshumayeli ema bese eyekela nina besifazane niphungule izinwele zenu, bese nifaka upende nezinto, futhi enganiqondisi, alukho uthando lwangoqobo lapho; futhi engayikukubiza. Futhi ayekele wena wesilisa uganwe kathathu; noma kane, nazo zonke lezi ezinye izinto, futhi nizedlulele nakho, alukho uthando lwangoqobo lapho. Akuyekele ujoyine isonto, bese ekumbambatha emhlane, bese ekugqiba ngesivumokholo esithize, bese-ke, “Yilokho kuphela ofanele ukwenze, ngukujoyina isonto elingewele,” akukho-thando lapho. Noma, kumbe, indoda ilahleke ngokuphelele kakhulu, qobo lwayo, ayiboni.

148 Uthando lwangoqobo luyaqondisa, futhi lukubuyisela eZwini likaNkulunkulu.

149 Bukani uJesu, kanjani, ukuthi Wathini, ngoba Wayebathanda, kakhulu ngangokuthi Wafa endaweni yabo, ngenkathi babebiza ngisho neGazi laKhe.

150 Manje kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu...Ngifuna ukulinda umzuzu nje. Ngilindle kuze kuthi ugcobo lukaMoya oNgcwele lube phezu kwami, ngaphambi kokuba siqalise. Kade ngishumayela. Ngiyabonga, ngobambiswano lwenu.

151 Manje, ngamunye phakathi lapha, noma ngabe nikuphi, noma kuphi endlini, khulekani nje umzuzu, nithi, “Nkosi Jesu, ngisize! Ngisize! Mangithinte ingubo yaKho.” UJesu wathi, niyazi, ngenkathi owesifazane ethinta ingubo yaKhe, Akakuzwanga, ngokomzimba, kodwa Wajika futhi wazi ukuthi wayengubani nokuthi wenzani. UnguJesu ofanayo ngalentambama, umPristi oMkhulu angaba nokuzwelwana nobuthakathaka bethu.

152 Niyakholwa, ngamunye wenu manje, ukuthi kuyiqiniso, ukuthi uNkulunkulu owenza lesisithembiso, angaphinda futhi (futhi kwangathi Angakukhombisa) ukuthi siphila ezinsukwini zaseSodoma? Bangaki abakukholwayo lokho, endlini, phakamisa isandla sakho nje.

153 Siphila, njengoba kwakunjalo, eSodoma. Yonke inqubo isiyonakele, inqubo yezwe, yonke into, inqubo yebandla, inqubo yepolitiki. Akukho lutho. Ezepolitiki ibole kakhulu. Izinqubo, ndawo zonke, ondllovu'kayiphikiswa bethu, konke kungukubola. Ibandla seliphenduke indlela efanayo. Imindeni isiphenduke indlela efanayo. Ngukubolanje, iSodoma!

154 Manje-ke, khumbulani, uNkulunkulu unakho lokho phambi kwenu, manje-ke khumbulani Wathi UyoziMela enyameni yomuntu, futhi enze njengoba Enza ngaphambili eSodoma, ngaphambi kokuba iNdodana ethenjisiwe ifike enkundleni. Wethembisa ukuthumela lowo owayezokwandulela leyoNdodana ethenjisiwe, njengoba Enza endaweni yokuqala, ukuthi wayezokwethula; futhi Wathi, “Lapho iNdodana yomuntu yembulwa.”

155 Angikwazi. Awu, Nksz. Thompson, leyonkathazo yabesifazane nezifo ezelakanyanayo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Ungakukholwa na? Uzokukholwa na? Nksz., Nksz. Thomas, uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Phakamisa izandla zakho, ke.

156 Kunenenekazi elihlezi emva kwakho ngqo. Liyakhuleka. Linesifo samathambo.

157 Oyedwa ohlezi eceleni kwalo, nenkathazo yesisu, ekhuleka futhi. Uzokugeja, awubhekisisi. Awusuye owalapha. Ungowase Mississippi. UnguMnu. noNkk. Kramer. Uma nikukholwa ngayo yonke inhliziyu yenu, uJesu Kristu uzonisindisa. Uma ningakukholwa. Niyakholwa na? Khona—ke ningakwemukela. Okey. Phakamisani izandla zenu ukuze abantu bezobona ukuthi yinina.

158 Angibazi labobantu. Angikaze ngibabone, empilweni yami. Ufanele ukholwe, mngani. Uzikhomba Yena uqobo. Niyakukholwa lokho, ngayoyonke inhliziyu yenu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

159 Ulinikineni ikhanda lakho, mnumzane, futhi ungibuka kanjalo na? Yebo, mnumzane. Ngoba ukwenzile lokho, ngizokhuluma kuwe umzuzu. Ungumnumzane ohloniphekile osethe ukukhula uhlezi khona lapha, ungibuka. Yena ungibukile, ngobuqotho ngempela. Ukukholiwe. Wena ukhulekela omunye umuntu obenohlangothi. Kodwa—kodwa into yakho enkulu uyakhuleka, uyadinga, ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo. Ehhe. Kunjalo. Uma ukukholwa! Inenekazi, ufuna umsebenzi. Ngaphandle kwalokho, ukuze wazi ukuthi mina ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma inceku, ubenokuhlinzwa okubili. Kukushiye uthe ukuba buthakathaka. Zonke izinhlobo zezimo, inkathazo yokomoya. Ngifuna ukukutshela ukuthi konke sekuxazululiwe. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

160 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . . ohlezi eceleni kwakho ngqo lapho. Uyakhuleka. Buka lapha. Ukuzwile, futhi uMthintile. Angikwazi, kodwa Yena uyakwazi. Ngizokutshela ukuthi ubukhuleka mayelana nani. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyu yakho na? Unenkathazo yenyongo, uyakhuleka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa futhi akusindise na? UnguNkk. Smith. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho.

161 Niyabo, Uzikhomba Yena uqobo. Kuyini na? INzalo ka Abrahama, ukukholwa u Abrahama ayenakho, iNkosi uJesu Kristu phakathi kwethu, eqinisa iZwi laKhe, ngezibonakaliso zilandela.

162 Ubani, mangaki amakhadi azokhulekelwa, phakamisani izandla zenu, unalo ikhadi lakho na? O, kungcono siqale umugqa womkhuleko.

163 Niyabo, niyaqonda aniqondi na? Manje lowomoya akusikho kuphela . . . Lowo awuphilisi. Lowo ukhomba Yena kuphela elapho. Abelusi benu banegunya elifanayo nje ukukhulekela abagulayo. Abakwenzi lokho; qhabo, impela qhabo. Kodwa ba—banegunya elifanayo nje, “Lezizibonakaliso ziyakulandela amakholwa.”

164 Manje ngifuna abangani bami abangabelusi lapha. [UMfowethu Branham ubuza omunye, “Kulungile ukubiza ezethamelini, befundisi na?”—Umhl.]

165 Bangaki abafundisi lapha abakholwa ngenhliziyo yenu yonke, abefundisi phakathi lapha, niyakholwa na? O, ngiyabonga. Angazi noma beningama na? Wozani lapha, yimani nami umzuzu nje, khona phansi lapha, sikhulekele abagulayo. Yehlelani phansi lapha ngqo. Manje bhekisisani ukuphilisa kwenzeka, bhekisisani ukuthi kwenzekani.

166 Ngifuna nize, nenze u—umugqa oyidabuli khona lapha. Ngehlela lapho emzuzwaneni nje, ukukhulekela abagulayo. Ngifuna abelusi abakholwayo ofuna ukuzikhomba bona uqobo njengamakholwa. Lokho, kholwani, ukuthi ukuza kwenu lapha, niphila engcwele, impilo ehlanzekile. Khumbulani, bukani lapha ukuthi yini ephumayo, imele iVangeli likaKristu!

167 Mfowethu Blair, ngiyakwazi lapho, wena noma uMfowethu Pat. Ungawenza lowomugqa oyidabuli ngendlela ovamise ukuwenza ngayo, uma uthanda, wena noMfowethu uPat.

168 Abelusi abakholwayo ozokholwa! Manje, bukani, uma uNkulunkulu engazikhomba Yena uqobo kanjalo ngeZwi laKhe, neZwi laKhe, bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli, uJesu washo lokhu, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda”? Belusi, uze lapha ukuba uzikhombe njengamakholwa. Ninjalo na? Ningamakholwa (anisiwo na?), beningeke nime lapha. Manje wathini uJesu na? “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Ngiyikholwa kanye nani.

169 Ngiyehla. Laba abantu bethu, futhi singabelusi bezimvu phezu kwalemihlambi. Ngiyehla ukuba ngelule inetha yami nani manje, ukubeka izandla zami nezenu. Futhi uma lababantu bedlula, uma ninanoma yikuphi nje ukuba manqikanqika kancane enqondweni yenu, kukhipheni khona manje; ukuze kuthi uma lababantu bedlula, bese kuthi—ke ngamunye webu edlula, futhi sibeka izandla phezu kwabo, bazophiliswa. Nizokholwa ngayo yonke inhliziyo yenu manje, nonke na? [Abefundisi bathi, “Amen.”—Umhl.]

170 Bangaki phakathi lapha ozokhulekela abanye lapho bedlula, phakamisa isandla sakho, “Ngizobe ngikhuleka.”

171 Khumbulani, kungahle kube nguyihlo, unyoko, indodakazi yakho noma indodana, udadewenu noma umfowenu. Futhi uma kungesikho okwakho, kungokomunye, ozoza ngalomugqa. Futhi

uma bekuyibo ke, futhi bebulawa umdlavuzo, noma esinye isifo esibi kakhulu, ubungefune yini ukuba umuntu abeqotho ngokujulile na? Impela, besingafuna.

¹⁷² Manje, ngiyakholwa, uzoba kanjani... Manje laba ku *loluhlulu* lapha, lesisikhala sezihlalo, nime ngapha ngaku *lolohlangothi*, nekhadi lomkhuleko. Nime ngale ngakulohlangothi, wonke lowo ongasesigabeni sangakwesokudla. Manje, indlela, bamba isigaba sangakwesokunxele; sonke siyamiyana, niyabo, futhi anazi ukuthi kanjani, ukuthi senzani. Kulungile, wonke lowo oku *lesisigaba*, sukumani *lapha*. Manje, wonke lowo osesigabeni sangakwesokudla, wozani ngapha nje, ngoba nizokwehla, nize ngapha.

¹⁷³ Futhi nihamba kanjani, baphuma kanjani, Mfowethu uBorders na? Baphuma ngqo ngomnyango oseceleni, beze bajike ngqo nasendlini futhi.

¹⁷⁴ Ngakho, uma *lolu* hlangothi seluzobizwa, emizuzwini embalwa, futhi bazosukuma. Futhi asibone manje ukuthi ini... Kulungile, labo abaku *lesisigaba*, phendukelani ngakulohlangothi ngapha. Nibambelele emakhadini enu omkhuleko, nize ngapha. Nani enikuvulande osesitezi, yehlani ngqo ukuba nihlangane nabo ekugcineni kohlu phezulu lapho. Manje laba abakulesisigaba sangakwesokunxele, yanini ngale ohlangothini lwangakwesokunxele. Bese kuthi-ke, niyabo, nenze umugqa wenu bese nibuyela emuva ngaleyo ndlela; nibheke emuva, nibheke ngapho. Niyabo? Futhi nizolandela umugqa nijikeleze ngqo, khona-ke asizukubanakho ukuxoveka nhlobo.

¹⁷⁵ Bese kuthi-ke nina eniphezulu kuvulande osesitezi, qondisani izindawo zenu nje kulezozikhala zezihlalo, bese nje niqathaka ningene ngqo lapho bedlula.

¹⁷⁶ Manje, manje nje qalani nihambe ngemuva, ngamunye, hambani ngemuva ngqo nize nihlangane nalomugqa ngokujikeleza njalo *lapha*. Wozani nje nijikeleza ngqo, phezulu phakathi *lapha* qalani nje nijikeleza njalo bese niza kulomugqa khona *lapha*.

¹⁷⁷ O, bekungenzekani khona manje! Bekungenzekani! Lesi kuzoba isikhathi lapho into ethize okufanele yenzeke khona. Kulungile.

¹⁷⁸ Manje, kunjalo, hambani ngemuva ngqo nijikeleze *ngapho*, bese ningena emgqeni ngqo, kunjalo. Hambani nijikeleze njalo lesisikhala sezihlalo. Yileyo ndlela manje.

¹⁷⁹ Futhi manje uma nimile, wonke umuntu ngezinyawo zabo, sizonikela umkhuleko. Nalelibandla lizokhuleka nami, ukuthi nizosindiswa. Yibani nje nokukholwa. Futhi ninga...

¹⁸⁰ Wozani ngqo nijikeleze, emuva le ngemuva, wozani ngqo nijikeleze bese nijoyina phakathi nalomugqa emuva lapha. Wozani ngqo nijikeleze, nenze umugqa omkhulu owodwa. Wozani ngqo nijikeleze *ngapho*, bese nenza umugqa owodwa. Nakho-ke.

¹⁸¹ Wonke umuntu abe semkhulekweni. Yibani sekukholweni ngempela manje. Ninganaki nje isixuku manje. Khumbulani, si—simbozwe nguBukhona bukaJesu Kristu, ethembele kithi ukuhlonipha Akwenze phakathi kwethu, ngokuba nokukholwa eZwini laKhe.

¹⁸² Lokho kuhle. Manje kuzobakuhle nje. Ngicabanga ukuthi lowomugqa ungena nje ngokumangalisayo.

¹⁸³ Manje besamile bonke, ngifuna wonke umuntu manje, endlini, ukuba ukhothamise ikhanda lakho.

¹⁸⁴ Nkosi Jesu, kuzokwenzeka masinyane. Isinqumo sizokwenziwa khona manje. Ngabe siyakholwa ukuthi Wena ulapha na? Ngabe siyaKuthanda na? Ngabe sinokukholwa, Nkosi, okwenele kulokhu esizokucela na? Lababantu bazikhomba bona ngokuma emgqeni. Nkosi, kwangathi kungebe yize. Kwangathi kungaba, Nkosi ukuthi bedlula lapha, ngamunye uzokwedlula nje sengathi bebedlula phansi kukaKristu, ngokuba siyazi ukuthi Ulapha. Futhi sikhulekela ukuthi bazokwemukela ukuphiliswa kwabo. Ngiqinisekile ukuthi ngisho nasemavikini namaviki ezayo, lababantu bazobe beya kubelusi babo, abesifazane abakade benenkathazo yabesifazane, inkathazo yesisu, owesilisa onokugogeka, zonke izinhlobo zezinkathazo, bazosindiswa, bethi, “Uyazi, into ivele yasuka kimi,” ngokuba baseBukhoni baKho. Kwangathi bangeza bedlule manje futhi—futhi badonse lokhu Okufeleyo. BayiNzalo ka Abrahamama, futhi Ubanqobele. Kwangathi bangeza futhi bamukele lokho Obaphe khona.

¹⁸⁵ Futhi, Sathane, udalulwe kakhulu kuleliviki, ngangokuthi uyazi ukuthi uyisidalwa esihluliwe. UJesu Kristu wakwehlula eKalvari. Wavuka ngosuku lwesithathu, enzela ukulungisiswa kwethu, futhi Umi phakathi kwethu manje. Nokukholwa kwethu kubheka kuYe, futhi kudede kuwe kumbe noma yini into oyenzile. Bayeke lababantu eGameni likaJesu Kristu.

¹⁸⁶ Kulungile, qalani umugqa. [UMfowethu Branham nabefundisi babeka izandla phezu kwabagulayo futhi bakhulekela ngamunye emgqeni womkhuleko. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁸⁷ Senze njengoba nje iNkosi yasiyala ukuba senze. Bangaki kini abedlule kolowomugqa, nakholwa ukuthi nizosinda, phakamisani isandla senu. Ngijoyina esami nani.


¹⁸⁸ Ebesikwenza lapho, ekugcineni, njengeqembu labefundisi lapho; abaningi babo bebegula, bengikwazi, kodwa bazama ukuveza umzamo wabo ukuba bafake ibandla labo, noma ngabe

bayakuthola noma qha. Lowo ngabelusi bezimvu bangokoqobo. NoMoya oNgcwele uthe kimi, “Babangele ukuba bajoyinane izandla zabo.” Sibopha izinhliziyzo zethu ngentambo namanetha ndawonye, nemikhuleko yethu, ndawonye.

¹⁸⁹ UJesu, uyabasindisa, futhi. Futhi ubenza babengabelusi bezimvu abanamandla, abanamandla eZwini leNkosi.

¹⁹⁰ Kwangathi uNkulunkulu, bazalwane bami, kwangathi Anganinika zonke izifiso zenhliziyzo yenu. Kwangathi ningaMkhonza zonke izinsuku, futhi nibe namandla kaNkulunkulu ezimpilweni zenu, ukuba nikhonzise lesisigejane esihle sabantu. Kwangathi uJesu Kristu, Obenathi, futhi unani ngaso sonke isikhathi, kwangathi Angazenza Yena uqobo agqame kakhulu kini kunoma Eke wenza ngaphambili.

¹⁹¹ Nina bantu, abanye benu abebekhubazekile, ningahle ningaboni mehluko okwesikhashana, ningahle ningaboni mehluko. Bukani ukuthi u Abrahama wenzani. Akwenzi mehluko ukuthi ini; lokho akusikho okubukayo. Awubuki izimpawu zakho zesifo. Buka lokho Akusho. Uma uthi, “Ngisalokhu ngibuzwa ubuhlungu,” lokho akuhlangene nakho. Wenze lokho uNkulunkulu athi kwenze. Uyabo, ungabuki lokho. Buka lokho Akusho. UNkulunkulu wathi kwakunjalo! Ngiyakukholwa. Anikukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngayo yonke inhliziyzo yami, ngiyakukholwa.

¹⁹² INkosi uNkulunkulu inibusise ngize ngibuye nginibone. Imikhuleko yami ungowenu; ubusuku abubi mnyama kakhulu, imvula ayini kanzima kakhulu. Ngizobe nginikhulekela. Ningikhulekele. Size sibonane futhi, uNkulunkulu anibusise. Manje umfowethu olusayo, niyabo. 

UKUNQOBA ISANGO LESITHA EMVA KOKUVIVINYWA ZUL64-0322
(Possessing The Gate Of The Enemy After Trial)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama, ngoMashi 22, 1964, eDenham Springs High School eDenham Springs, eLouisiana, eU.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org